**EDITORIAL TEAM**
**CHIEF EDITOR**
Mr BP Gumbi– Municipal Manager
bongig@nquthu.gov.za

**EDITORS**
Mr TC Nyandeni
Manager: Office of the Municipal Manager
thokozanin@nquthu.gov.za

Mr SW Mpanza
Chief Financial Officers
sakhilem@nquthu.gov.za

Mr MB Jiyane
Director of Planning
mpumej@nquthu.gov.za

Mr OS Mnguni
Director: Corporate Services
mngunis@nquthu.gov.za

**Writer**
Siyabonga Shoba
Communication Officer
You can send your comment to:
034 271 6100 0r
Email to:
siyabongas@nquthu.gov.za

**PAIA'S INFORMATION OFFICERS**

Mr BP Gumbi– Municipal Manager
034 271 6112
bongig@nquthu.gov.za

Mr TC Nyandeni
Manager: Office of the Municipal Manager
034 271 6153
thokozanin@nquthu.gov.za

Mr WS Mpanza
Chief Financial Officer
034 271 6121
sakhilem@nquthu.gov.za

Mr MB Jiyane
Director: Planning
034 271 6136
mpumej@nquthu.gov.za

Mr OS Mnguni
Director: Corporate Services
034 271 6128
mngunis@nquthu.gov.za



# O K U Q U K E T H W E


AMAZWI KASODOLOBHA....................................................2

IQHUBEKA NGESIKHULU ISIVININI INTUTHUKO ENQUTHU ....................................2

IZIBALO ZABANTU ABAFAKE AMAKHELI ABO KWA IEC ....................................3

LILOKHU LIPHENDUKE NJALO ISONDO LENTUTHUKO ....................................4

UMPHAKATHI WASENQUTHU UHLOMULE NGEZINCINGO....................................4

USHESHE WAFIKA UKHISIMUZI KOGOGO....................................5

USODOLOBHA ULETHE UKUMAMATHEKA NGOKHISIMUZI....................................6

LIGUJWE NGEMPUMELELO USUKU LABAHAQWE IGCIWANE LENCULAZI....................7

BAHLOMULE NGEMIFUNDAZE ABAFUNDI....................................8

ABANTWANA BATHOLE UKUFUNDISWA....................................9

AZIBUYELE EMASISWENI....................................10

KUKHUNJULWE UZULU ESANDLWANE....................................11

BEKUQHWIZA UMETSHISI KOWAMA SALGA....................................11

IMIPHUMELA KAMNCWANINGI MABHUKU....................................12


PHAMBILI NGENTUTHUKO ENQUTHU

## AMAZWI KASODOLOBHA

**Angithokoze kubaHleli baleliphephabhuku loMkhandlu, ngikhuleke eMakhosini aseNdlunkulu nakuwo onke aMakhansela nase Mphakathini wonke wase Nquthu. Ngiyathobeka kakhulu ukucosha lelithuba ukuthi ngibhale nami njengoSodolobha wase Nquthu emveni kokuba uMkhandlu wethu uqalwe kabusha ngo 2017.**

Ngiyazi ukuthi lolu ushicilelo lokuqala singenile ngiyethemba futhi kuzoqhubeka ukukhiqizwa kwalelibhukwana loMkhandlu ukuze siqinise amaxhama ethu okuxhumana. Ukuxhumana kubaluleke ngendlela enkulu ngoba yikhona okugcina abantu benolwazi ukuthi yini eyenzekayo, ikakhulukazi njengoba thina sizithunywa zoMphakathi.

Ngiyafisa Mphakathi wase Nquthu ukuba ngiphinde ngininike isiqinisekiso sokuthi sizoqhubeka nokwethembeka kini, futhi sizonisebenzela ngawo onke amandla esinawo ukugcine isivumelwano esasenza nani ngomhlaka 24 May 2017. Njengoba sacela ukuba nisethembe, sizokwethembeka futhi sizobika kini ngazo zonke izinhlelo ezenzekayo kuloMkhandlu wethu.

Ngiyaye ngizwe abantu sebesho Mhleli, bethi savota kodwa asiboni ntuthuko. Impela kuvotiwe ngomhlaka 24 May 2017, umhlangano wokuqala wokukhanda uMkhandlu waba ngo June 2017, yize kunjalo kukhona esesikwenzile. Okokuqala nje sikwazile ukuqinisekisa ukuthi kunozinzo ekusebenzeni kwangaphakathi ngokuba sivuselele izinkontileka zaBasebenzi abasezingeni lokuphatha siphinde sikhangise kulezo zikhala ebezingenamuntu. Lokhu besikwenza ngenhloso yokuba kusebenzeke futhi kube nokuqhubeka ekudluliseni amandla ngendlela ukuze ukuhambisa intuthuko kinina zakhamizi kungami.

Siphinde senza konke okusemandleni ukuthi ngemadlana encane esiyificile kube khona esikwenzela uMphakathi singabi silokhu silandula sithi sifice imali encane, kodwa ngakho lokhu okuncane kube khona esikwenzayo ngoba inhloso yethu ukuqinisekisa ukuthi uMphakathi wethu ukuthola kukuncane noma kukukhulu. Siphinde senza isiqinisekiso sokuthi sakha amakomidi okusebenza anjengama Ward Committees, Elibhekelele abakhubazekile, elezemidlalo, elibhekelele izindaba zabantu abasha, elibhekelele amadoda, abafelokazi, omama namanye amakomidi esiwakhile angumgogodla okusebenza kwethu.

Ngaphezu kwalokho sifike senza lemisebenzi yenqalasizinda engu 16 kuzigceme eziyishumi zase Nquthu. Eminye yalemisebenzi isiya ngase kupheleni eminye isanda kuqala eminye oNjiniyela basadweba amapulani okuyakha izoqala maduzane, lemisebenzi ifaka Mafihleng sports field kwa ward 13, Savuya road extension kwa ward 03, uBemba road kwa ward 01, Mabululwane Hall kwa ward 08, Ngedla Hall kwa ward 10, Ndatshana gravel road kwa ward 16, Ntabeni ezibomvu road kwa ward 12, Nquthu Southern road network, okungumsebenzi omkhulu wokufaka itiyela edolobheni endaweni ehlala abantu edolobheni. Ukuthuthukiswa kwenkundla yemidlalo eNquthu, Eziqhazeni hall kwa ward 15, Mafihleng Hall kwa ward 13, Springlake Sportd field ward 12, Mpumelelweni crèche ward 14, Mbilane gravel road ward 08, Magabeni crèche kwa ward 08 nehholo lakwa Klwayisi kwa ward 02 oNjiniyela abalisebenzayo ukuphothula imidwebo yakhona.

Yilemisebenzi ke esiyenzile singenile ehhovisi kusuka ngo June kuze kube manje. Onyakeni ozosuka wezimali sizimisele ukwenza kancono kakhulu futhi ngingaqinisekisa ukuthi konke esizokwenza sizobe sikuthathisa kinina. Kulona lolushicilelo lwanamuhla sinifakele nombiko kaMcwaniningi Mabhuku asethulele wona ngo January, ngalesisenzo sisagcizelela khona njalo ukuthi nazi okwenzeka kuMaspala

Ngiyethemba sizobambisana kahle kakhulu, abantu bengenqeni ukuthumela izikhalazo, imibono ngazo zonke izindlela zokuxhumana ukuze sazi lapho senza kahle khona sazi futhi lapho singenzi kahle khona njengoMkhandlu

Ngiyathokoza kakhulu



**His Worship the Mayor Cllr SM Kunene**

## IQHUBEKA NGESIKHULU ISIVININI INTUTHUKO ENQUTHU

**Kubukeka ewushintsha ngempela ke manje umshovo uSodolobha wase Nquthu uCllr. Siyabonga M. Kunene njengoba evale inyanga yothando (Nhlolanja) ngamathamsanqa ezehle nentuthuko cishe kuzo zonke izigceme zase Nquthu. Usahamba kuso isiqubulo sakhe neqembu elimthumile sokuthi abantu base Nquthu bamethembe yena kanye nabobonke ubuHoli obakhethwa ukuba bulethele intuthuko kuMphakathi wase Nquthu.**

Kubukeka kuqopheka umlando ngokokuqala nqa emlandweni wase Nquthu njengoba uSodolobha ebehambise umsebenzi wokufaka itiyela ozadla izigidigidi zama randi  endaweni ehlala abantu edolobheni eNquthu kwa ward 14. USodolobha Kunene ekhuluma neZakhamizi zase dolobheni uthe ithemba lekusasa elincono liqala manje. Uthe njengamanje uzokwethula isigaba



**uSodolobha wase Nquthu nosekela wakhe uMama NM Zungu Kanye nokhansela waseDolobheni u baba Masimula behlaba isoyi lomgwaqo ozofakwa itiyela edolobheni**

sokuqala salomsebenzi ozodla ngaphezulu kuka R9.9 Million ozoqala ukwenziwa kulenyanga.

Iphupho labo njengeMkhandlu wase Nquthu ngelokuthi bethi bephuma ngo 2021 kube sekufakwe itiyela kuyo yonke indawo esedolobheni ehlala abantu baphinde bashiye umlando oyokwaziwa izizukulwane eziningi ezizayo ngokuthi yibo abafaka itiyela kulendawo njengoba neZakhamizi zikhokhela ama rates, nezinye izidingo. Nakuchaze ngokuthi kungukubuyisela intela yabantu kubo. " Abantu abaningi balapha eNquthu uma besemadolobheni amakhulu uma umuntu embuza ukuthi uhlala kuphi uvele esho idolobha elingomakhelwane njengo Dundee , Vryheid namanye ngoba besaba ukuthi babuya eNquthu". Kusho uSodolobha

Uqhube wathi "njengoba sesilungisa idolobha lakithi, wonke umuntu waseNquthu usezoziqhenya nge Nquthu". Njengamanje lomsebenzi uzothatha inxenye ethile esuka ngasesikhungweni sokuthuthukisa amakhono eMthashana, wehle ubheke emathuneni amadala uze uyofika ngasesikhungweni somtapo wolwazi nokuyindawo esifakwe amapayipi okuhambisa amanzi ukugwema ukuguguleka kwemizi kanye noMgwaqo. Enye inxenye izothathwa ngonyaka zimali ozosuka.

Umphakathi wakwa ward 14 ube usuzibongela kuSodolobha wabuye wakuveza nokuthi sesiside isikhathi ulindile . usholokhu nje ububonakala ukuthi injabulo igcwele ebusweni.

Usodolobha uphinde wethula inkontileka ezokwenza umsebenzi wokudweba olayini emigwaqeni esodolobheni nokuzothi uma kuphela kuzobe sekubeka uMkhandlu esimweni sokuthi ukwazi ukuhlolela ukuthatha izincwadi zokushayela kubantu base Nquthu, kanti ngokunjalo uphinde washiya nenye inkontileka ezokwakha izimpawu ezikhombisa ukuthi ususedolobheni eNquthu, kukonke lokhu kusho ukudala amathuba emisebenzi kuZakhamizi zakwa ward 14.



Osonkontileka Kanye nama consultants abazofaka itiyela emgwaqeni wase dolobheni .



inxenye yamalunga omphakathi wase Ward 14, edolobheni ethamele umcimbi wokuhlaba isoyi lomgwaqo ozofakwa itiyela Mgazi High School.

## IZIBALO ZABANTU ABAFAKE AMAKHELI ABO KWA IEC

| Wards | Registrations | Images Scanned | Images Not Scanned | Address Captured | Address Not Captured |
|---|---|---|---|---|---|
| 52402001 | 4,992 | 3,421 | 1,268 | 3,934 | 1,003 |
| 52402002 | 5,328 | 3,573 | 1,735 | 3,485 | 1,825 |
| 52402003 | 4,341 | 3,194 | 1,121 | 3,197 | 1,119 |
| 52402004 | 4,460 | 3,049 | 1,363 | 3,046 | 1,368 |
| 52402005 | 4,226 | 3,088 | 1,164 | 2,980 | 1,272 |
| 52402006 | 4,757 | 3,424 | 1,304 | 3,412 | 1,319 |
| 52402007 | 4,115 | 3,106 | 1,010 | 3,006 | 1,111 |
| 52402008 | 4,505 | 3,281 | 1,197 | 3,455 | 1,025 |
| 52402009 | 4,818 | 3,030 | 1,564 | 3,305 | 1,469 |
| 52402010 | 5,242 | 3,786 | 1,377 | 3,791 | 1,437 |
| 52402011 | 5,451 | 4,315 | 772 | 4,654 | 723 |
| 52402012 | 5,012 | 2,947 | 1,471 | 3,550 | 1,451 |
| 52402013 | 5,026 | 3,935 | 1,110 | 3,653 | 1,428 |
| 52402014 | 5,163 | 3,780 | 1,328 | 3,872 | 1,257 |
| 52402015 | 5,153 | 3,702 | 1,403 | 3,468 | 1,643 |
| 52402016 | 4,143 | 3,078 | 1,075 | 2,835 | 1,319 |
| 52402017 | 4,355 | 3,357 | 958 | 3,185 | 1,132 |
| **Total** | **81,087** | **58,066** | **21,220** | **58,828** | **21,901** |

## LILOKHU LIPHENDUKE NJALO ISONDO LENTUTHUKO



uSodolobha u Cllr SM Kunene Kanye ne Sekela lakhe u Cllr NM Zungu Kanye namakhansela behlaba isoyi lomgwaqo wase Savuye e Ward 03.



Amalunga omphakathi wase Ward 03 , eSavuye abekade ezozibonela ngokwawo u Sodolobha womkhandlu u khansela SM Kunene ekanye namakhansela bezohlaba isoyi lomgwaqo iSavuye.

**Umphakathi wakwa Ward 01 eQhudeni esigodini sasoBemba ubuvakashelwe uSodolobha u uKhansela SM Kunene kanye namakhansela omkhandlu lapho bebehambise umsebenzi wokwakha umgwaqo obizwa ngo Bemba wona ozodla imali engaphansi kancane nje kuka R3 million.**

Abantu base Qhudeni bawujabulele kakhulu lomsebenzi basho nokusho ukuthi sekuzoba umlando ukuthwala abantu abagulayo nasebeshonile ngezandla ngenxa yokungabibikho kwemigwaqo engakwazi ukuhamba izimoto.

Lemigwaqo ingeminye phakathi kweminye eyakhiwe uMkhandlu wase Nquthu kulonyaka wezimali ophelayo ka 2018. Bese kunesikhalo esikhulu emphakathini ngoba bebengenawo umgwaqo kangangokuba uma begulelwa abathandiweyo babo bekumele babathwale ngezandla noma ngezimbongolo bebasondezela emgwaqeni ukuze bakwazi ukuya emtholampilo.

"uMa ugulelwa umuntu awukwazi ngisho ukubiza I ambulance ngoba angeke ikwazi ukungena, noma sishonelwe umuntu kumele simehlise simphathe ngesandla ngoba imonto ngeke ikwazi ukungena". Kusho omunye welunga lomphakathi. Ube esebonga kakhulu emkhandlwini naku Sodolobha ukuthi nabo bebakhumbule umangabe becabanga abantu okumele bathole intuthuko.

Usodolobha uphinde wahambela indawo yaseSavuye nakhona ubeyohlaba isoyi lomgwaqo uSavuya kwa ward 03 ngase Ntinini, nawo lomgwaqo uzodla ngaphansana nje kuka R3 million. Umphakathi ujabule wabonga kakhulu kuSodolobha ngokuthi aphinde abuye kubona njengesithembiso eyesenzile.

Kusekuzo ezethuthuko uMkhandlu ukwazile uphasisa uhlahlo-mali olubuyekeziwe ngesikhathi, kanti ngakolunye uhlangothi usuqalile ukulungela uhlahlo mali lonyaka-zimali 2018/2019 kanye nohlelo lwentuthuko edidiyele, uhlaka lwalezinhlelo luzokwethulwa phambi koMkhandlu ngasekupheleni kwenyanga ephezulu.

Maduzane uMkhandlu uzohambela endaweni yase Mafihleng kwa ward 13 nase Ziqhazeni kwa ward 15 uyokwethula amahholo omphakathi, nokukhomba ukuthi impela okuhle Nomusa kuyabalandela abantu base Nquthu.

Futhi maduzane nje izinhlelo zokufaka ugesi emizini ebalelwa ku 1483 esezigodini ezehlukene zase Nquthu okufaka Ndindindi, Magabeni, Ngedla, Masotsheni, Ncepheni, Magala, Ediphini, Nsekwini, Magongoloza, Ngonini, St. Augustine, Mangwebuthanani, Nhloya, Batshe, nase Nhlabamkhosi seziphothuliwe ezinye zalezindawo seziyakhanya. Lapho kungakakhanyi khona bayaphothula kuzokhanya nakhona esikhathini esingengakanani. Ucele ukuthi umphakathi ubambisane namakhansela ukuze kube lula ukuhambisa izidingo kubantu.

## UMPHAKATHI WASENQUTHU UHLOMULE NGEZINCINGO

**Bekungenkulu injabulo kuqhuma umkikizo kumalunga omphakathi waseNquthu ehlomula ngezincingo zezinkambi. Lokhu kwenzeka emva kokuba amalunga efake izicelo zokuxhaswa ngokokubiya izinkambi ukuze ezokwazi ukulima.**

Sizokhumbula ukuthi ngenkathi kwakhiwa izithangami ezahlukene okubalwa kuzona nesamadoda. uMhlonoshwa u Cllr SM Kunene ongusodolobha womkhandlu wathembisa ukuthi uzobaxhasa ngezincingo zezinkambi okwakuyizona ezaziyisifiso esikhulu emadodeni ngempela sibe sesifezeka isifiso sawo. Umhloniswa u Cllr SM Kunene Kanye nabaholi bahambele wonke amawadi (17) lapho bedlulisele khona lezizincingo



uSodolobha wase Nquthu ne Nkosi yesizwe yakwa Sithole eQhudeni amakhansela Kanye namalunga omphakathi bezomukela izinsiza kusebenza abazilethelwe uSodolobha ngaphansi kohlelo le Poverty Alleviation .

emphakathi. Imiphakathi beyiphuma ngobuningi bawo izozimukelela mathupha kuSodolobha nge nhloso yokuzozibongela . USodolobha ube esegqugqzela umphakathi ukuthiu vuke uzithathe ulime ngoba ukudla kuphuma emhlabathini. “Ngiyethemba umangiphinda ngibuya lapha emphakathini ngiyofica wonke amasimu eselinyiwe ngoba phela selukhona ucingo lokuvimbela imfuyo ukuthi inganimosheli”. Lomsebenzi udle isizumbulu semali ebalelwa ku R589 899.00

“Siyazi ukuthi lolucingo alwenele, futhi amawadi maningi kakhulu lapha eNquthu kodwa umkhandlu uzolokhu uzama ukuthi umakuhlelwa izimali zomkhandlu zonyaka ubeke eceleni isamba esizosiza ekuthenini siluthayisele , kodwa ke ngalokhu okuncane enikutholille seningazama ukuhlanganisa nibiye ukuze nilime.

Ube esenxusa amalunga omphakathi ukuthi alubheke lolucingo ngoba lizosiza bona “ lolucingo luzosiza nina njengomphakathi ningabe ke seniyolinqamula , kuyoba kuhle umangabe labo abahlomulile bengalibekisa ngendlela yabo ukuze luzohluka kuzoba lula nokulibona umangabe umuntu esebiyengalo kwakhe .

Akugcina nga nje ngezingcingo zezinkambi kodwa baphinde bahlomula ngezinto ezahlukahlukene okubalwa kuzo imishini yokuthunga , amathende ,izitulo ,amatafula Kanye nokunye lokho obekuyinxenye yohlelo lokuxhasa abantu ngaphansi kohlelo phecelezi olubizwa nge Poverty Alleviation Project. Lona ke loluhlelo lidle imali elinganiselwa ku R 701 506.70

Amalunga omphakathi abe esezibongela kuSodolobha kanye nama khansela esho khona ukuthi asezokwazi ukuthi alime ngoba phela ebevinjwe ukuthi imfuyo ibingabiyelwe manje ibadlela ukudla kwabo. Abanye bebejabulele ukuthi sebezoke baphumule ukuhlala behlawulela izimpahla zabo umazingene emasimini abantu.

Esephetha uSodolobha ukubeke kwacaca ukuthi lokhu kuyisiqalo esincono sempilo kubantu baseNquthu . ube esephinda esebanxenxa ukuthi bayosebenza ngoba ukuthuthukisa abantu kuwumsebenzi okumele wenziwe ngokubambisana phakathi komphakathi, uhulumeni kanye nomkhandlu.



**izincingo kanye nezinto zokubiya izinkambi okunikelwe kwa ward 10 u Sodolobha ehamba namakhansela.**



**Abejabule eqhuma amalunga omphakathi wakwa Ward 10 ezozimukelela wona mathupha ucingo lokubiya izingadi ku Sodolobha kanye namaKhansela .**



**Inhlangano yo Mama base ward 07 nokhansela wabo behalalisa ngocingo uSodolobha SM Kunene abathengele lona kuze bazokwazi ukubiyela amasimu ukuze bezokwazi ukulima baxoshe ikati eziko**

## USHESHE WAFIKA UKHISIMUZI KOGOGO



**uSodolobha u Cllr SM Kunene ekanye ne Nkosi yesizwe sakwa Mncube kanye noSomlomo womkhandlu u Cllr ME Mnguni kanye no Sekela Dolobha wesifunda sase Mzinyathi kanye no khansela wakwa Ward 02 u Cllr RS Langa bekanye no gogo nomkhulu abebezobukela ukhisimuzi wabo**

**Kuvuke usizi kanye nenjabulo kubantu abadala ngenkathi umkhandlu waseNquthu oholwa umhlonishwa uKhansela u SM Kunene Kanye namakhansela bebabusisa ngesipho abangeke basikhohlwe ngokubahlomulisa ngokhisimuzi abangasoze bawukhohlwa**

Lokhu kwenzeke e Mpumelelweni Hall mhlazingu 07 ku Zibandlela (December). Lapho ihholo beligcwele liphuphuma abantu abadala ababuya kuwowonke oyishumi nesikhombisa amawadi (17) ababalelwa ku 255 abadle ukhisimuzi beqhilika izidlathi.

Kugiye omkhulu kwaqhuma umkikizo kogogo ngenxa yenjabulo. Abantu abadala

bazwakalise okukhulu ukujabula "Siyabonga kakhulu ngenisenzele khona, sesizokwazi nathi ukudla sizijabulise nabazukulu bethu" kusho omunye wogogo abahlomulile.

uSodolobha Womkhandlu ube esebonga ogogo ngeqhaza abalibambile okhethweni "siyabonga kakhulu kinina ngakho konke enasenzela khona, siyanxusa kakhulu kinina enihlala nabantu abadala ukuthi nibathande nibanakekele ngoba ibona abayinsika yemizi. Imizi imile nje kungenxa yabo. Siyacela futhi ningababphuci imaliyabo kapoyinandi nibathengele izinto ezimnandi bedle behlale bejabulile" kusho UMhlonishwa "Sicela ukukhuza labo abahlukumeza abantu abadala, abesifazane kanye nezingane ukuthi abayiyeke lento abayenzayo , imbi nje kakhulu futhi ayamukelekile,"kuqhuba uMhlonishwa." Thina phela singumkhandlu onakekelelayo yingakho nje namhlanje sinilethele ukhisimuzi ukuthi nani nizodla kamnandi nemindeni yenu ngokhisimuzi "sekuphetha umhlonishwa.

uSodolobha ube esecela laba abahlala noba abagada abantu abadala ukuthi babathande futhi babanakekele bengaba naki ngoba kuwusuku lokuthi bayohola upoyinandi nje "Niyacelwa ukuthi abantu abadala nibanakekele futhi nibahloniphe ngoba nje ibona abamise imizi kulezizinsuku". "Futhi uma uhlonipha abantu abadala uthola izibusiso". Kuqhuba usodolobha

uSodolobha ubuye wakhumbuza abantu abadala ukuthi kukhona I forum yabo abakhele yona ebizwa ngokuthi I Senior Citizen Forum ube esebagqugquzela ukuthi bayisebenzise leyo forum izobasiza kakhulu ekubikeni nase kuxazululeni izinkinga ezibakhungethe njengabantu abadala.

Abantu abadala baphinde bayalwa ukuthi umabehlukunyezwa emakhaya bangathuli nje kodwa babike ngokuhlukunyezwa kwabo.

Lomcimbi udle umkhandlu isamba semali esilinganiselwa ku R228 000.00. Usodolobha kanye namakhansela babe sebedlulisela ukhisimuzi kogogo.



**Ogogo nomkhulu ababuya kuwona wonke amawadi ongu 17 ase Nquthu bethamele umcimbi wabo e Mpumelelweni Hall. lapho bebekikiza becula amaculo ehlukene bejabulela isipho esiyinqayizivele abasilethelwe umkhandlu, Sodolobha kanye namakhaseka.**



**Izindodla zokudla u Sodolobha womkhandlu kanye namakhansela abebezokudlulisela koGogo njengo khisimuzi wabo . abazoxosha ngakho ikati eziko ngesikhathi samaholide kakhisimuzi bezijabulisa kanye nabazukulubabo njengabobonke abantu kulesisikhathi sonyaka.**



**Usodolobha wase Nquthu u Cllr SM Kunene unikele nge Wheel Chair emndenini wakwaNgobese kwaMfongomfongo kwa ward 11 . lapha u Gogo umaMsimango obesehlale phansi isikhathi eside engasakwazi ukuhamba. UGogo uzibongele kakhulu ku Sodolobha . ugogo usezokwazi nokuthi kubelula ukuthi aphumele ngaphandle eshaywe umoya .**

## USODOLOBHA ULETHE UKUMAMATHEKA NGOKHISIMUZI

**Kube usuku lwenjabulo emindenini engaphezu kwamashumi amathathu nane ebhekwe abantu abasha abaqhamuka kuwo wonke amawadi aseNquthu. Lokhu kwenzeke ezindlini zomkhandlu kaMasipala waseNquthu, lapho uMhlonishwa uKhansela SM Kunene enikele ngokhisimuzi kulemindeni.**

Lemindeni yasala dengwane kwasala izingane zodwa emvakokushiywa abazali. Basala abantwana beyibambile bekhulisa labo abeza emvakwabo. Bebheke amakhaya abazali babo bebodwa.

Kumlayezo awethulele abantu abasha, uMhlonishwa unxuse ukuba baqhubeke nokunakekela amakhaya kanye nemindeni yabo. " Ngiyaziqonda izinselelo nezinqinamba enihlangabezana nazo njengoba nibheke imindeni. Nami ngashiywa umama ngineminyaka engu 11, impilo yabanzima kakhulu. Siyafisa ukunilekelela kulesikhathi lapho yonke imindeni ihlangana khona ibungaza ukusuku lukakhisimuzi. Lezi zipho esininikelela ngazo namuhla sifisa ningazizwa nilahliwe kodwa sifisa nani niyizwe imfudumalo kulesikhathi esibalulekile semindeni. Sikwenza lokhu ngoba sinikhombisa ukunithanda" Kuphetha usodolobha.

Izinyembezi zenjabulo bezibonakala zigcwele amehlo kulabantwana. Obekubajabulisa kakhulu bewukuthi nabo sebezodla ukhisimuzi omuhle ogcwele injabulo kanye nabantwana. Nabo sebezofana nabobonke abantwana abanabazali. Omunye walabantwana naye ohlomulile kuloluhlelelo ubeke kanje "siyabonga kakhulu kuiSodolobha , amakhansela kanye no mkhandlu wethu ukuthi usikhumbule. Kuyizinkomba zokuthi nathi asibancinyane kusibonisa ngokusobala ukuthi nathi bahlale besikhumbula . lokhu kuyizinkomba zokuthi umkhandlu wethu uyanakekela".

Uqhube wathi " kungaba enkulu injabulo kithina uma loluhlelo lungaqhubeka minyaka yonke , siyazi futhi ukuthi akuthina sodwa baningi abanye abantwana abakulenkinga esibhekene nayo, abanye abaze bakhethja ukuzinikela ezidakamizweni , ebugebengwini nasophuzweni oludakayo ngoba bengazi nokuthi kumele babhekane nalesisimo. Thina siyazibongela kakhulu ekhandlwini ukuthi sathola umkahandlu kanye nabaholi abanakekelayo inhlala kahle yomphakathi.

Lomsebenzi udle imali engango R 92 000.

Usodolobha kanye namakhansela babe sebe phetha ngokuthi badlulisele amaphasela okudla entsheni engamashumi amathathu nane.



**uSekela Sodolobha u Cllr NM Zungu enikezela ngokokuxosha ikati eziko komunye wabantwana abahola amakhaya angenabazali.**




USodolobha u Cllr SM Kunene, uSomlomo UCllr ME Mnguni , Cllr Ngobese weSifunda saseMzinyathi , UCllr SP Mathe, Cllr RS Langa kanye no Cllr MR Ngobese bedlulisela isipho sikakhisimuzi kwelinye lama lunga ezingane ezidlala zodwa emakhaya

## LIGUJWE NGEMPUMELELO USUKU LWABAHAQWE IGCIWANE LENCULAZA

**Bekukuhle kudelile e hholo lomphakathi I VA Makhoba ngomhlaka 05 December 2017. Lapho umkhandlu waseNquthu oholwa u Sodolobha u Cllr SM Kunene Kanye Namakhansela behambele lenqophamlando yomcimbi.**

Lomcimbi ubuhanjelwe amaSupport Groups ahlukene abuya kuwowonke amawadi Kanye nababuya emnyangweni wezempilo. USodolobha ugququqquzele abantu ukuthi baphume ngobuningi babo bayo hlola. Ubuye wanxenxa namadoda ukuthi aziphathe kahle ayeke ukunukubeza abantu besifazane Kanye nezingane ezincane. "kulesisikhathi esiphila kusona kuhle kabi nukuzazi ukuthi umi kuphi. Ngakho ke ngiyanicela ukuthi niphume niyohlola ikakhulukazi abantu besilisa ngoba kungathi ibona ikakhulukazi abasasaba nokuhlola.

Uphinde wanxenxa namadoda ukuthi ayosoka ngoba ukusoka kuyawehlisa amathuba okungenwa izifo . uphinde wacela umphakathi ukuthi ubaphathe kahle abathu abanalesisifo ngoba bayefana nabobonke abantu. Ubuye wagqugquzela ukuthi abantu bayidle ngendlela imishanguzo.

Izikhulumi ezahlukahlukene zishiyelane inkundla kulomcimbi lapho bezinxenxa ziphinde zigqugquzele umphakathi ukuthi uphume ngobuningi bawo uyohlola. "siyanxusa ukuthi umphakathi uphume ngobuningi bawo uyohlola, ngoba ukuhlola kubaluleke kakhulu ukuthi umuntu ehlale ezazi ukuthi umiphi". Kusho u Mama Joyce ongusonhlalakahle



wasala wena , bekungadlaliwe lapha izintokazi sidansa zishayela phezulu



Kungesikhathi kukhunjulwa izihlobo esezadlula emhlabeni ngenxa yaso lesisifo.

esibhedlela saseNquthu (CJM). uphinde waqhuba wathi Uhulumeni wasungula uhlelo lokusoka niyacela ukuthi nihambe niyosoka
Kanye nezingane ngoba ukusoka kuyawehlisa amathuba okungenwa izifo". Kugcizelela u Mama Joyce Xulu. Uqhube wathi kodwa lokho akusho ukuthi umuntu usengenza nomangabe yini ngoba esokile UNkosazane uLindiwe Mafu Utshele izinkumbi zabantu ebezigcwele ihholo ukuthi ukuba nesifo sengculaza akusho ukuphela komhlaba. "Mina sengiphile iminyaka engamashumi amabili (20) ngiphila nalesisifo. Buka nje ngiyaphila ngiwumqemane . abantu abaphume bayohlola kuhle ukuthi uphile uzazi ukuthi umikanjani empilweni . Kuhle futhi manje ngoba abantu sebephuza iphilisi elilodwa nje vo . akusafani nathi esasiphuza izinkumbi zamaphilisi.

"kubalulekile kakhulu ukufundisa itsha ngokubaluleka kokuziphatha, itsha yethu lamalanga isizinikela ezintweni ezingasani ndawo okuyizidakamizwa Kanye notshwala. Kanti futhi nezinga lokukhulelwa kwetsha yethu ezikoleni seliphakeme kakhulu . kukhona okumele sikwenze njengabazali , kumele sihambele izikole siyoxwayisa izingane zethu ngengozi abazifaka kuyona ngokwenza ucansi olungaphephile". Kuqhuba yena uNkosazane Mafu.

Lapha ezikoleni kukhona izingane ezihlala nogogo ezidla imishanguzo kodwa ogogo abasaba ukuzitshela ukuthi eyani lemishanguzo abayidlayo. Lezozingane kulula kakhulu ukuthi zithelele ezinye ngoba nazo azazi ukuthi zinalo leligciwane . kukhulu impela okusafanele sikwenze ukuxwayisa umphakathi ngakesisifo.

Abaholi Kanye namalunga omphakathi bathole ithuba lokukhanyisa amakhandlela nokubeka amatshe ngenhloso yokukhumbula izihlobo zabo ezahamba kulomhlaba.
Lomcimbi udle umkhandlu isamba semali esilinganiselwa ku R 170 000.00.

Lomcimbi ube usuvalwa ngenkulu imfudumalo lapho bekuhlatshelelwa izingoba ezahlukahlukela kuqholoshwa kuqhuma nemikikizo.



lapha kungesikhathi kukhanyiswa amakhandlela okukhumbula izihlobo esezahamba emhlabeni ngenxa yaso lesisifo .



lapha beziyishaya kanjena izintokazi zicula zidansa zijabulele umcimbi

## BAHLOMULE NGEMIFUNDAZE ABAFUNDI ABENZEKAHLE

**Usiphose kwabonakala uSodolobha wase Nquthu uMhlonishwa Cllr. Siyabonga M. Kunene isandla ngesikhathi elekelela abafundi base Nquthu abenze kahle ebangeni leshumi nambili abafisa ukuqhuba izifundo zabo ezikhungweni zemfundo ephakeme. USodolobha Kunene uthi uyaziqhenya ngalabaFundi abenze kahle abathathe igama lase Nquthu baliphakamisela phezulu.**

Uthi ngeke nakancane enze iphutha lokungathembeki kuZakhamizi zase Nquthu njengoba zakhombisa ukumethemba ngonyaka odlule kunokhetho lokuchibiyela. Uphinde wathi lokho okuncane yena noMkhandlu wakhe abakucoshayo bayokwenza isiqinisekiso sokuthi konke bakudlulisela kubantu base Nquthu. Kulonyaka bangama 130 abafundi abahlomule ngosizo lokubhaliswa ezikhungweni zemfundo ephakeme ezahlukahlukene, kulaba bafundi kunabanye abalishumi ababaqwaqwade bonke emakhanda ngokuthola imiphumela emihle.

Labo ngo Nxumalo Sandisiwe Ntokozo oyokwenza izifundo zobudokotela eNyuvesi yaKwaZulu-Natal othole o-A abayi -8, kube ngamawele akwa Mazibuko nawo agile izimanga ngokuthola o – A abayisi 6, okungo Mazibuko Sanele Sphesihle, Mazibuko Kwanele Sphephelo, abanye ngo Magubane Siphesihle Sibuyiswa, Ndima Siphiwe Nkosinathi, Mahlaba Lindokuhle Sandiso, Nkosi Samkelokuhle Lovely kanye no Thusini Nondumiso Gugulethu, bonake bazihlomulele ngosizo olubhekile impela ngenxa yokusebenza kanzima kwabo.

Usodolobha uphinde wahalalisela izikole ezenze kahle eNquthu okuyi Idlamadoda Secondary, Bongumenzi Secondary, Mathukulula Secondary, Siyanda Secondary kanye ne-Springlake Secondary. Kulezikole uSodolobha ubonge oThisha-nhloko kanye noThisha balezikole ngomsebenzi omuhle abawenzela isizwe, waphinda wanxusa nakwezinye izikole




ama Wele akwa Mazibuko elokishini aphumelele kahle ibanga lawo leshumi nambili okungo Sanele kanye no Kwanele Mazibuko lapha bakanye no Mama wabo nabo abangabanye abazihlomulele ngo Mfundaze.

ukuba zilikhuphule izinga nokuzobeka isiFunda uMzinyathi ebalazweni elihle.

Ngesikhathi uSodolobha Kunene ekhuluma nabazali babafundi abahlabane kanye nabo abafundi emcimbini wokubahalalisela obungesonto eledlule ukhiphe izeluleko ezinqala kabafundi abathole loluxhaso eselokhu lwaqala eminyakeni eyisi 8 eyedlule ngowayeyi Meya ngalesosikhathi Umama Nothile Maria Zungu nathe uSodolobha selulekelele izingane ezingaphezulu kuma 900 zase Nquthu, okujabulisayo eziningi zazo ziyasebenza futhi ziyababonga ngokuzelekelela kwabo.

Usodolobha kuwona lomcimbi uphinde wamemezela izindaba ezinhle ezikhishwe iHhovisi likaMcwaningi mabhuku kuzwelonke zokuthi uMkhandlu uzicoshele umbiko omuhle wokuphathwa nokusetshenziswa kwezimali. Lomkhandlu yize ububhekene nezinkinga zokungahlali ukhethe ubuholi nokuholele ekutheni uze ufakwe ngaphansi kweso loMlawuli, nakho lokho kungezinye zezinto ezibalulwe uMcwaningi mabhuku ngokuthi uMkhandlu uke waba nesikhathi ungenabo ubuholi.

## ABANTWANA BATHOLE UKUFUNDISWA NGOKUBALULEKA KOKUFUNDA

**Minyaka yonke umnyango wezokufunda (Library Unit) ngaphansi komkhandlu waseNquthu uhlela imidlalo ehlukahlukene yokujabulisa abantwana ngenhloso yokuvala unyaka nokubabonga ukuthi babeyinxenye yokusebenzisa umtapowolwazi. kuphinde kwenzeka njengeminyaka yonke lapho ngomhlaka 01 December 2017 umcimbi ububanjelwe e Nondweni library kwathi mhlaka 05 December 2017 waba se Nquthu library.**

Lomcimbi ubuhanjelwe abantwana abangaphezu kwe nkulungwane (1000) okubekongokuqala nqa ukuthi abantwana baphume kangaka. Abantwana benze imidlalo ehlukene esingabala kuyona umculo, umdanso kanye neminye imidlalo yasesteji.Bekukhona nomqhudelwano wonobuhle kanye nezincwasimende. Abaphume phambili kulemincintiswane bebezitholela imiklomelo.

Minyaka yonke lomcimbi uhanjelwa nangabazali bezoxhasa abantwana babo . Abazali bebe kikiza bejabule , behalalisela abantwana. Abazali baphinde bazwakalisa okukhulu ukujabula lapho bebonge khona uMkhandlu ngokuhlala ukhumbula abantwana babo umasekusondele isikhathi samaholide kakhisimuzi



Abantwana abebehambele umcimbi obuse Nquthu Library lapho bebedlala khona imidlalo eyahlukene baphinde bafundiswa nangokubaluleka komtapo wolwazi. Lapha bebedlala umncintiswane wonoBuhle



Abantwana base Nondweni abebehambele umcimbi wabo obubanjelwe e Nondweni Library lapho bezidlalele khona imidlalo eyahlukene baphinde bathola ukufundiseka ngokubaluleka komtapo wolwazi.

“siyabonga kakhulu kumkhandlu waseNquthu ngokuthi uhlale ujabulisa izingane zethu ikakhulukazi njengoba sekusondele isikhathi samaholide kakhisimuzi”kusho omunye wabazali.

abantwana baphinde bafundiswa ngokubaluleka kokufunda izincwadi kanye nokusebenzisa imitapo yolwazi phecelezi (libraries) ukuze bazozithuthukisa ngolwazi. Baphinde bayalwa ukuthi njengoba kuyiwa esikhatghini samaholide baziphathe kahle bangabi uvanzi emigwaqeni ukuze bezokwazi ukuthi baphephe ezingozini bazokwazi ukuthi babuye babuyele ezikoleni bephephile.



osisi no bhuti abancane beziphula kudlala ingoma emcimbini obukade use Nondweni Library.

## AZIBUYELE EMASISWENI

**Bekudela umakhasane emicimbini eyahlukene yesintu ebihlelwe umkhandlu wase Nquthu ebisezindaweni ezihlukene ngesikhathi samaholide kakhisimuzi. Ngalemicimbi umkhandlu usuke uzojabulisa umphakathi uphinde uzame ukuthi itsha iqoqane ndawonye ingabi uvanzi ngalezizikhathi zamahholide izozijabulisa ngokushaya ingoma , isicathamiya , ukugibela amahhashi Kanye nokunye okuningi. Lemicimbi iqale ngo mjaho wamahhashi obubanjelwe eNtinini mhlaka 23 December . lemidlalo ibihlelwe umkhandlu waseNquthu ngaphansi kophiko lwezokugcebeleka (Tourism)lomkhandlu ngokubambisana nehhovisi lezokugcebeleka( Tourism) lakhona eNquthu.**

Umphakathi uphume ngobuningibawo uzozibonela ngokwawo zidlana umlala nokuzobungaza lemicimbi . kowamahhashi abalelwa ngaphezulu kwama Shumi amahlanu Amahhashi abambe iqhaza kulomncintiswano. Abawinile kulomcimbi bakhale bamuka nezi ndodla zezimali. lemijaho ibihlukene kayisikhombisa . Amahhashi abethola imiklomelo ngokuhlukana kwemijaho . imali isiyonke ebibekelwe amahhashi bekungu R76 156.00

Akugcinwanga nje ngamahhashi kuphinde kwabanjwa eminye imicimbi okubalwa kuyona I Ngoma yesiZulu, ebibanjelwe eNquthu Stadium mhlazi ngama 24 December kube iseSotho Dance ebesingezi 27 December enkosini kwa Molefe kube Isicathamiya,oSwenka Kanye nonobuhle khona ke obeku banjelwe e V.A Makhoba mhla zingu 26 December.

USodolobha u khansela SM Kunene ubonge bonke ababeyinxenye yalomcimbi “Singumkhandlu sidlulisa ukubonga okukhulu kunina ngokuphuma ngobuningi nizobungaza lomcimbi , siphinde sibonge namaqembu abeyinxenye yalomcimbi. Siyathembisa minyaka yonke izinga lalemicimbi lizokhuphuka ngamandla. Kusho Usodolobha .
“Ngonyaka ozayo sizoqinisekisa ukuthi wonke umuntu ozobe engenele athole umthoba nhliziyo”kuqhuba uSodolobha eNgomeni eNquthu Stadium.

Uphinde wagoqa ngokuthi anxenxe abashayeli ukuthi bashayele ngokukhulu ukucophelela umangabe sebebuyela emakhaya “siyaninxusa bashayeli ukuthi nishayele ngokucophelela abagibeli bafike bephephile emakhaya.uphinde wafisela izakhamuzi zase Nquthu amaholide amahle futhi aphephile .

Amalunga omphakathi abonge umkhandlu ngokuthi uhlele lemicimbi minyaka yonke “siyabonga kakhulu kumkhandlu wethu wasenquthu ngokuthi usibusise ngalemicimbi ngesikhathi samaholide. Lemicimbi iwusizokakhulu kithina emiphakathini esiyakhele,ngoba iqoqa itsha yethu ihlangane
ingabi uvanzi kulezizikhathi ezinzima zamaholidi”kusho ilunga lomphakathi.

“ izingane zethu umakuvalwe izikole zichitha isikhathi sazo esiningi zizilungiselela lemicimbi lokho okwenza zisizakal ngokuthi



Abagibeli bamahhashi o jokhi bekanye namahhashi abo emva kokugijima



Bekudela umakhasana zigadulisana kanjena eNgomeni ebibanjelwe e Nquthu Stadium ebihanjelwe izinkumbi zabantu mhlazingu 24 December.

singazihlanganisi nezinto ezimbi okubalwakuzo
 utshwala Kanye nezidakamizwa esezibulele izwe lakithi"kuqhuba ilunga lomphakathi

Amaqembu ahlomule ngezindodla zezimali. Lemicimbi okuyi Ngoma , seSotho Dance Kanye neScathmiya, Oswenka no Nobuhle idle umkhandlu imali elinganiselwa ku R301 864.00.

Abebeyinxenye yalemicimbi bazibongele kakhulu emkhandlwini Kanye nakuSodolobha womkhandlu ngokuthi ubenzele lemicimbi nokuthi imiklomelo ithi ukuthi thuthu . Baphinde bancoma nango kukhuphuka kwezinga lalomcimbi. Baphinde bacela kusodolobha ukuthi engathi minyaka yonke imiklomelo ingathi ukukhula .



**uSodolobha uCllr SM Kunene ekanye ne Sekela Sodolobha u Cllr NM Zungu kanye no Somlomo Womkhandlu u Cllr ME Mnguni kanye namakhanse bekanye nabanikazi bamahhashi ebebambe iqhaza emncintiswaneni wamaholidi kaDecember**

## KUKHUNJULWE UZULU ESANDLWANE

**Njalo ngoMasingana uZulu kanye naMangisi basingatha umgubho wokuhlonipha amaqhawe ka Zulu alwa esandlwana ngonyaka ka Masingana ngo 1879.**

Ngalolosuku kwaqopheka umlando entabeni yaseSandlwana khona lapha eNquthu uzulu eNqoba impi eyayiphakathi kwakhe namangisi ngaphansi kobuholi bengonyama uCetshwayo . Lempi yenza uZulu wahlonishwa umhlabawonke jikelele. Lomgubho uvakashelwa izihambela ezisuka kwamanye amazwe khona lapha e Africa Kanye nangaphandle .Lomgubho ubuhanjelwe izicukuthwane okubalwa kuzo inxusa lase Ndiya, inkosi yase Malawi , izikhulu zikahulumeni Kanye nosopolitiki.

Ekhuluma nezinkumbi zabantu u Mhlonishwa wesiFunda soMzinyathi uKhansela PMS Ngubane uzibophezele ekutheni bazobambisana nezinhlaka ezithintekayo ekuthuthukiseni izinga lalomgubho. Wabuye wakhumbuza umphakathi ngokubaluleka kwalomgubho wabuye wabuye wathembisa umphakathi ukuthi bazozama ngawowonke amandla ukuthi balethe izidingo nqangi emphakathini.

Umtwana wakwaPhindangene ube esekhumbuza uZulu Kanye nabobonke abebehambele lomcimbi umlando Kanye nokubaluleka kwempi yaseSandlwane

Umdlokobhane ube esephendula isoyi lapho kuzokwakhiwa khona isakhiwo sesintu . Waphinde wathula nenkontileka ezokwakha. Uphinde wanxusa nabanye osomabhizimisi ukuthi basondele bafake isandla.



**kungenkathi aMaZulu namaNgisi belingisa okwenzeka ngo nyaka ka 1879 , lapho ingisi noMzulu babebhekene ngezikhali , lapho kweanqoba khona aMaZulu.**



**iSilo Samabandla sikanye no Mntwana wakwaPhindangene onguNdunankulu womdabu weNgonyama aphinde abe uMongameli weqembu le IFP emgubweni wempi yase Sandlwane**



**iSilo Samabandla sikhombisa izicukuthwane ebeziyinxenye yokugujwa kwempi yaseSandlwane isakhiwo samagugu esizokwakhiwa khona eSandlwane**

## BEKUQHWIZA UMENTSHISI KOWAMA SALGA

**Bezigadulisana kushunqa uthuli kowama Salga Games. Lemidlalo ibibanjelwe kwisifunda sase King Cetshwayo e Richards Bay kusukela ngomhlaka 07 kuya ku 10 ngozibandlela (December).**

Lemidlalo ibanjwa minyakayonke lapho kusuke kuhlangene izifunda zonke za KwaZulu-Natal. Zisuke ziqhudelana emikhakheni eyahlukahlukene okubalwa kuyo ibhola lombhoxo, ibhola likanobhutshuzwayo, amanqindi Kanye neminye.

Lemidlalo ingeminye ewusizo ekutheni ilibazise itsha ngezikhathi zamaholide ukuze ingaze icabange ukuzifaka ezintweni ezingalungile.

Lemidlalo idlalwa abantu abaneminyaka engu 19 kuyaphansi. Eqenjini lesifunda saseMzinyathi , inquthu ibimelwe abadlali abangu 30. Isifunda saseMzinyathi singenele imikhakha eyisithupha okubalwakuyona ibhola lezinyawo, amanqindi, ibhola lomboxo, umgijimo, ibhola lomqakiswano Kanye nebhola lomphebezo(Volley Ball)
Isifunda saseMzinyathi senze ezibukwayo kulemidlalo lapho abesifazane bebhola lombhoxo bequbuye indebe kwathi abesilisa bazitholela I bronze,



**ubuzidlela amahlanga nje uMzinyathi Ku Boxing**

kwezamanqindi kubo abesifazane Kanye nabesilisa bazidlele amahlanga nje .

UMzinyathi kwezamaNqindi uphinde wathola indebe yokuhlonishwa kwazise sekuphele iminyaka emihlanu bedlala bengahlulwa.




Iqembu lamanqindi ( Boxing) laseMzinyathi eligile izimanga kowama SALGA lazi dlela amahlanga njengenjwayelo lazelaphinde laziwinela indebe yokuthi selidlale iminyaka emihlanu lingadliwa.



Usodolobha u Cllr SM Kunene kanye namakhansela angaphansi kwesifunda soMzinyathi kanye nabadlali bama khodi ahlukene abebemele uMzinyathi kuma SALGA Games

## IMIPHUMELA KAMNCWANINGI MABHUKU

**Nquthu Municipality - audit report 2016-1 7**

*Report of the auditor-general to the KwaZulu-Natal Provincial Legislature and the council on the Nquthu Municipality*

**Report on the audit of the financial statements**

**Opinion**

1. I have audited the financial statements of the Nquthu Municipality set out on pages ... to..., which comprises the statement of financial position as at 30 June 2017, the statement of financial performance, statement of changes in net assets, cash flow statement and statement of comparison of budget and actual amounts for the year then ended, as well as the notes to the financial statements, comprising a summary of significant accounting policies.

2. In my opinion, the financial statements present fairly, in all material respects, the financial position of the Nquthu Municipality as at 30 June 2017, and its financial performance and cash flows for the year then ended in accordance with the South African Standards of Generally Recognised Accounting Practice (SA Standards of GRAP) and the requirements of the Municipal Finance Management Act of South Africa, 2003 (Act No. 56 of 2003) (MFMA) and the Division of Revenue Act of South Africa, 2016 (Act No. 3 of 2016) (DoRA).

**Basis for opinion**

3. I conducted my audit in accordance with the International Standards on Auditing (ISAs). My responsibilities under those standards are further described in the auditor-general's responsibilities for the audit of the financial statements section of this report.

4. I am independent of the municipality in accordance with the International Ethics Standards Board for Accountants' Code of ethics for professional accountants (IESBA code) and the ethical requirements that are relevant to my audit in South Africa. I have fulfilled my other ethical responsibilities in accordance with these requirements and the IESBA code.

5. I believe that the audit evidence have obtained is sufficient and appropriate to provide a basis for my opinion.

**Emphasis of matters**

6. I draw attention to the matters below. My opinion is not modified in respect of these matters.

**Irregular expenditure**

7. As disclosed in note 48 to the financial statements, irregular expenditure of R2,5 million was incurred due to proper tender processes not having been followed.

**Material losses — electricity**

8. As disclosed in note 55 to the financial statements, material electricity losses of R9,99 million (2015-16: R 14,6 million) was incurred, which represented 56% (2015-16: 89%) of the total electricity purchased. Technical losses were due to transmission/distribution losses while non-technical losses were due mainly to illegal connections.

**Other matter**

9. I draw attention to the matter below. My opinion is not modified in respect of this matter.

**Unaudited disclosure notes**

10. In terms of section 125(2)(e) of the MFMA, the municipality is required to disclose particulars of non-compliance with the MFMA in the financial statements. This disclosure requirement did not form part of the audit of the financial statements and, accordingly, I do not express an opinion thereon.

**Responsibilities of the accounting officer for the financial statements**

11. The accounting officer is responsible for the preparation and fair presentation of the financial statements in accordance with the SA Standards of GRAP and the requirements of the MFMA and DoRA, and for such internal control as the accounting officer determines is necessary to enable the preparation of financial statements that are free from material misstatement, whether due to fraud or error.

12. In preparing the financial statements, the accounting officer is responsible for assessing the municipality's ability to continue as a going concern, disclosing, as applicable, matters relating to going concern and using the going concern basis of accounting unless the intention is to liquidate the municipality or cease operations, or there is no realistic alternative but to do so.

**Auditor-general's responsibilities for the audit of the financial statements**

13. My objectives are to obtain reasonable assurance about whether the financial statements as a whole are free from material misstatement, whether due to fraud or error, and to issue an auditor's report that includes my opinion. Reasonable assurance is a high level of assurance, but is not a guarantee that an audit conducted in accordance with the ISAS will always detect a material misstatement when it exists. Misstatements can arise from fraud or error and are considered material if, individually or in aggregate, they could reasonably be expected to influence the economic decisions of users taken on the basis of these financial statements.

14. A further description of my responsibilities for the audit of the financial statements is included in the annexure to this auditor's report.

**Report on the audit of the annual performance report**

**Introduction and scope**

15. In accordance with the Public Audit Act of South Africa, 2004 (Act No. 25 of 2004) (PAA) and the general notice issued in terms thereof, I have a responsibility to report material findings on the reported performance information against predetermined objectives for selected objectives presented in the annual performance report. I performed procedures to identify findings but not to gather evidence to express assurance.

16. My procedures address the reported performance information, which must be based on the approved performance planning documents of the municipality. I have not evaluated the completeness and appropriateness of the performance indicators/measures included in the planning documents. My procedures also did not extend to any disclosures or assertions relating to planned performance strategies and information in respect of future periods that may be included as part of the reported performance information. Accordingly, my findings do not extend to these matters.

17. I evaluated the usefulness and reliability of the reported performance information in accordance with the criteria developed from the performance management and reporting framework, as defined in the general notice, for key performance area — basic service delivery and infrastructure development on pages ... to ..., presented in the annual performance report of the municipality for the year ended 30 June 2017.

18. I performed procedures to determine whether the reported performance information was consistent with the approved performance planning documents. I performed further procedures to determine whether the indicators and related targets were measurable and relevant, and assessed the reliability of the reported performance information to determine whether it was valid, accurate and complete.

19. I did not raise any material findings on the usefulness and reliability of the reported performance information for the selected objective.

**Other matters**

20. I draw attention to the matters below. Achievement of planned targets

21. The annual performance report on pages ... to ... includes information on the achievement of planned targets for the year and explanations provided for the underachievement of a significant number of targets.

**Adjustment of material misstatements**

22. I identified material misstatements in the annual performance report submitted for auditing. These material misstatements were on the reported performance information of basic service delivery and infrastructure development. As management subsequently corrected the misstatements, I did not raise any material findings on the usefulness and reliability of the reported performance information.

**Report on the audit of compliance with legislation**

**Introduction and scope**

23. In accordance with the PAA and the general notice issued in terms thereof, I have a responsibility to report material findings on the compliance of the municipality with specific matters in key legislation. I performed procedures to identify findings but not to gather evidence to express assurance.

24. The material findings on compliance with specific matters in key legislation are as follows:

**Procurement and contract management**

25. Some goods and services with a transaction value above R200 000 were procured without inviting competitive bids, contrary to supply chain management (SCM) regulation 19(a)- Deviations were approved by the accounting officer even though it was not impractical to invite competitive bids, in contravention of SCM regulation 36(1 ). This noncompliance was identified in the procurement process for Nomathinta phase two electrification project.

26. Some construction contracts were awarded to contractors that did not qualify for the contract in accordance with construction industry development board regulations 17 and 25(7A).

**Consequence management and financial misconduct**

27. Fruitless and wasteful expenditure incurred by the municipality was not investigated to determine if any person was liable for the expenditure, as required by section 32(2)(b) of the MFMA.

**Other information**

28. The accounting officer is responsible for the other information. The other information comprises the information included in the annual report. The other information does not include the financial statements, the auditor's report and those selected objectives presented in the annual performance report that have been specifically reported in the auditor's report.

29. My opinion on the financial statements and findings on the reported performance information and compliance with legislation do not cover the other information and I do not express an audit opinion or any form of assurance conclusion thereon.

30. In connection with my audit, my responsibility is to read the other information and, in doing so, consider whether the other information is materially inconsistent with the financial statements and the selected objectives presented in the annual performance report, or my knowledge obtained in the audit, or otherwise appears to be materially misstated.

31. I did not receive the other information prior to the date of this auditor's report. When I do receive and read this information, and if I conclude that it contains any material misstatements, I am required to communicate the matter to those charged with governance and request that the other information be corrected. If the other information is not corrected, I may have to retract this auditor's report and re-issue an amended report as appropriate. If it is corrected, however, this will not be necessary.

**Internal control deficiencies**

32. I considered internal control relevant to my audit of the financial statements, reported performance information and compliance with applicable legislation; however, my objective was not to express any form of assurance thereon.

33. The matters reported below are limited to the significant internal control deficiencies that resulted in the findings on compliance with legislation included in this report.

**Leadership**

34. The lack of a functional council for the major part of the year resulted in inadequate oversight of compliance with regulations.

**Financial and performance management**

35. Non-compliance with legislation could have been prevented had compliance been properly reviewed and monitored by management.

Auditor - General

Pietermaritzburg

30 November 2017

**AUDITOA-GENERAL**
**SOUTH AFRICA**

*Auditing to build public confidence*

